ISITHATHISELO C – ISAZISO ESIMAQONDANA NEZOKUPHEPHA UMA KUNGENWA EZAKHIWENI

Ukungena kulezi zakhiwo kungaphansi koMthetho Wezokulawulwa Kokungena Ezakhiweni kanye Nasezimotweni ZikaHulumeni, we-1985 (UMthetho No. 53. We-1985) (i- Control of Access to Public Premises and Vehicles Act). Ngokwesigaba 2(2) salo Mthetho, nanoma ngubani ongena kulezi zakhiwo kudingeka ukuba ahlinzeke igama, ikheli kanye neminye imininingwane yakhe efanele edingwa ngunogada bese ekhombisa unogada lowo ubufakazi obuzomgculisa obuqinisekisa ukuthi ngempela nguyena. Kuphoqelekile ukunikezelwa kwale minininingwane yomuntu ukuze akwazi ukungena ezakhiweni kanti ukwehluleka ukunikezela ngaleyo minininingwane kungaholela ekutheni lowo muntu angavunyelwa ukungena.

UMnyango Wezokuphepha kanye Nokuxhumanisa Umphakathi (lapha obizwa “ngomnyango”) kanye/ noma umhlinzekimsebenzi wawo obhekele ezokuphepha uyaye aqoqe aphinde acubungule imininingwane yomuntu ehlinzekiwe ngenhloso yokusingathwa kwezokuphepha kwezakhiwo,kubandakanya nokuthathwa kwezinyathelo ezifanele uma kube nanoma yikuphi ukwephulwa kwemithetho yezokuphepha kumbe isigameko. Imininingwane yomuntu ingaphinda futhi idalulwe uma –

- umnyango kufanele kumbe unelungelo lokudalula leyo minininingwane ngokwananoma yimuphi umthetho;noma
- kunesidingo sokuvikela ilungelo lomnyango.

Imininingwane iyogcinwa isikhathi esiyi …….. ngaphambi kokuba ilondolozwe/ ishatshalaliswe.

Nanoma ngubani ongena kulezi zakhiwo lapha unikeza imvume yokuba kucutshungulwe imininingwane yakhe ngokuhambisana noMthetho omaqondana Nokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu wezi-2013 (UMthetho 4 wezi-2013), futhi uyaliqonda ilungela lakhe–

- lokufinyelela olwazini oluqoqiwe kanye nelungelo lokulungisa lolo lwazi;
- lokuvimbela ukucutshungulwa kwemininingwane yami ukuze ngivikele intshisekelo yami, uma kunezizathu ezizwakalayo neziqinile, maqondana nokusebenza ngendlela efanele kwesikhungo sikahulumeni, ngaphandle uma umthetho oshayiwe ukuvumela lokho kucutshungulwa kweminingwane yami; kanye
- nelokufaka isikhalo kuMlawuli (i-Regulator) (complaints.IR@justice.gov.za).